**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO UNGXONGO EMSINGA MHLAKA 10 MAY 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Ukuza kwethu lapha namhlanje kusafakazela kona ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi asenzi nje izethembiso, kodwa sifezekisa izibophezelo zethu.

- Siyazi ukuthi yinina eningabavoti eninike uhulumeni wethu wentando yeningi amandla okusebenzisa izimali zenu ukwakha izinhlelo eziphusile zokulwa nokungalingani nokulwa nobuphofu ngendlela evulelekile ebonwa izwe lonke.

- Namhlanje siphendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo uNgxongo Local Road ongu-15 km ubude ozokudla isamba sika-R10,5 million.

- Lo mgwaqo uzosiza imizi engaphezulu kuka-2000 kule ndawo. Kukhona nezikole iMerton Primary School neFundokuhle High School kule ndawo kanye neNhlesi Secondary School abafundi bakhona abadinga lo mgwaqo. Izingane zesikole zihamba ibanga elide ezintabeni ezinamahlathi nsuku zonke ukufinyelela ePrimary School.

- Kunabantu abaningi abadala abahola impesheni abanenkinga yokufinyelela esikhungweni sokuhola KwaKopi. Lo mgwaqo uzokwenza impilo ibe ngcono kulaba bantu abadala.

- Awukho umtholampilo oseduze kanti uma abantu begula bathwalwa ngamabhara nezihlibhi amabanga amade. Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kuzosiza ukuba kufinyelele umtholampilo ongumahamba nendlwana. Uzofinyeza nebanga lokufinyelela ezindaweni njengaseGreytown, Tugela Ferry neKeates Drift uphinde uxhumanise izindawo yaKwa-Kopi, iNhlesi, eMvundlweni neNogawu.

- Ibanga kusuka eNhlesi kuya Kwa-Kopi lizofinyezwa ngamakhilomitha angu-50 njengoba kungasezodingeka uye eTugela Ferry. Lo mgwaqo uzoxhumanisa izizwe esaseMachunwini nesaseMabomvini.

- Kuzosetshenziswa osonkontileka bakaVukuzakhe ukwakha lo mgwaqo kanti kuzoqashwa oZibambele abangu-30 ukugcina lo mgwaqo usesimweni.

- Uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphansi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunywe wona ngabantu baseNingizimu Afrika.

**Ngiyabonga**